

UPROFESA MANDLA MAKHANYA, INHLOKO YEYUNIVESITHI

NESEKELA SHANSELA

UNIVERSITY OF SOUTH AFRICA

(IYUNIVESITHI YENINGIZIMU AFRIKA)

INKULUMO: UMGUBHO WEMIKLOMELO YABASEBENZE ISIKHATHI

ESIDE

ZK MATTHEWS HALL

25 NOVEMBA 2019

Ngiyabonga Mphathi woHlelo, Dkt Nic van Staden, Manager: Administration and Remuneration, HR kanye nochwepheshe wangaphakathi kwezemihlalaphansi

- Dkt P Mokgobu - Vice-Principal: Institutional Development
- Mnu Z Dlamini - Executive Director: HR
- kanye namanye amalungu abaphathi bezinga eliphezulu kanye nobuphathi obunwetshiwe obukhona
- balingani abahloniphekile
- kanye nezivakashi zethu ezihloniphekile zama-VIP – abemukeli bemiklomelo yokusebenza isikhathi eside

Nginemukela ngezandla ezifudumele nonke.

IYunivesithi yeNingizimu Afrika yindawo ethokozisayo ukusebenza kuyo. Njengeningi lenu namuhla, sengisebenze eUnisa isikhathi eside

– empeleni nami, eminyakeni embalwa edlule, ngathola umklomelo wokusebenza isikhathi eside. Kulesi sikhathi, ngisebenze kuzo zombili izinhlangothi njenge-akhademiki, ngabuye ngasebenza njengomsekeli emahhovisi eyunivesithi. Ngakho-ke, ngicabanga ukuthi ngingasho ngegunya, ukuthi nginolwazi olubanzi ngale yunivesithi kanye nabantu abasebenza lapha.

Futhi ngicabanga ukuthi nginitshela ukuthi njengososiyolojisti ngokuqeqeshwa, abantu engithokozela ukwazi ngabo. Lapho usucabanga ukuthi unolwazi olubanzi ngokwenzeka esikhungweni, lapho ucabanga ukuthi uyazi ngabasebenzi ngokuthi omunye nomunye wabo usondezani etafuleni, kubuye kuqhamuke ongakulindele. Ukubone uso-akhademiki ohlala ezithulele, esevumbuka eqhakaza eba ngumcwaningi wesimanga. Umuntu ozithobile osebenza amahhovisi, uzokhombisa igunya lemvelo kanye nobuholi obuyisimanga. Kuzothunyelwa i-email "yokubonga" – evela kumsebenzi noma umfundi – ezokuthinta ezibilini zenhliziyu neqinisa ukholo lwakho kubantu nokukukhumbuza ukuthi akukho senzo esihle esingaqaphelwa.

Ngisho lokhu ngoba, ngezindlela eziningi i-Unisa ifana nomndeni. Empeleni, i-Unisa umndeni – size sizibize nangokuthi singama-Unisans. Kanti ngokwesisho, "igazi" lethu elisibhanqayo, elisibopha

sonke, futhi elingeke laphikwa, ukusebenzela abantu kwethu, ukwethembeka kwethu kanye nokuzimisela omunye komunye kanye nakule yunivesithi.

Kanti futhi, kuwo lomoya ofanayo, ngizizwa ngibophezelekile ukunikhumbuza isisho sakudala esisho kanjena: *Ungakhetha abangani bakho, kodwa ngeke wakhetha umndeni wakho*. Empeleni, lokhu kusho ukuthi, kwisimo se-Unisa, lokhu esingeke sakukhetha, ukuthi kuzoba ngobani amalunga omndeni we-Unisa. Siqokwa kulo mndeni omkhulu, kanti ngalokho sithola amalunga amaningi omndeni. Kani futhi, lokhu kumele sikwenze kusebenze. Kumele sithole izindlela zokusebenzisana ezindaweni esisebenza kuzo, kuso sonke isikhungo kuze kufinyelele lapho esizithola sinethezeka phakathi kwabanye. Sethembele omunye komunye. Siyethembana, kanti futhi siqotho omunye komunye kanye nakwiyunivesithi. Kumele sakhe umndeni wenjabulo owondlayo "oyikhaya elikude nekhaya". Akulula – ngicabanga ukuthi sonke siyakwazi lokho. Ngiqinisekile ukuthi nonke nike nahlangana nezimo lapho enizibone niphoxeke kakhulu ngozakwenu babalingani benu noma ngesikhungo uqobo lwaso.

Ngiqinisekile ukuthi ngisho nasemindenini yethu, sonke sinabo "omalume" abasiphoxayo, u-"anti" oyedwa ohlala ebanga izinkinga

lapho kuhlange umndeni, "ubhuti" ofuna ukuthi abafowabo nodadewabo bakhokhele impilo yakhe, kukhona "usisi" ohlala njalo ebanga izigigaba, noma abazali abaqinisa isandla kakhulu, noma abenza ngobudedengu. Kanti futhi sinelunga lomndeni elifinyelele emazingeni aphezulu ngokuyisimanga, esithanda sonke ukuzisondeza kuye ngakufinyelele. Sinalo lelo lunga lomndeni elinothando oluyisimanga nelikhaliphe kakhulu, elihlala njalo lisezinhliziyweni zethu ngisho noma selashona kudala. Sinabo futhi esibavunayo, esibanikeza uthando ngokweqile nesibondlayo, futhi lokhu sikwenza singalindele lutho kubo. Ngisho noma kukhona lezi zinto ezidonsisanayo nokuphikisana, siyayithanda imindeni yethu, kanti futhi siyayithanda imihlangano yemindeni yethu ngoba, ezinjulwini ezithize, sixhumene. Siyaqondisisa kukho konke okuhle nokubi, ukuthi laba ngabantu bakithi, abahle noma ababi, ngibophezelekile ukuba nabo.

Kunjalo-ke nakubasebenzi base-Unisa. Ningabantu bakithi, nami ngingimuntu wakini. Kanti sibhanqene – kokuhle noma okubi, ebunzimeni nasentokozweni. Kanti okuyiqiniso, wukuthi isikhathi sakho e-Unisa size nokuhle kanye nokubi, kodwa angingabazi, ukuthi okuhle kungaphezulu kokubi.

Namuhla, ngizobe nginikeza izitifikedi ezisukela eminyakeni elishumi (10) ukuya eminyakeni engamashumi amane nanhlanu (45) Lokhu, balingani bami, kungitshela ukuthi niwuhlobo lwelunga lomndeni wonke umuntu afuna ukuzisondeza kulo. Yinina nsuku zonke eniqhubeka nomsebenzi nithule cwaka, nifezekisa ukuzimisela kwenu kanye nokusebenzela ozakwenu be-Unisa kanye nabafundi bethu. UMathewu 12:25 (NKJV) uthi: “Yilowo nalowo mbuso owahlukene wodwa uyachitheka , nalowo muzi nokuba indlu eyahlukene yodwa ingeme.” Nina, balingani bethu abahloniphekile enikhona lapha namuhla, niyiglu enamathelisa nokubopha ndawonye i-Unisa njengomndeni. Okuningi kwalokho, ngikholelwa ukuthi kuhambelana nokuthi niyaqondisisa kanye nokusekela le yunivesithi enhle kangaka, kanye nendima eyidlalayo esizweni sakithi kanye nekhontinente yonkana.

I-Unisa ibumba ikusasa, i-Unisa inikeza amathuba kanti futhi i-Unisa inikeza ithemba. I-Unisa ifake esivivaneni kanti futhi iyaqhubeka nokufaka esivifaneni ekwakheni isizwe esisimamayo. Lokhu, balingani bami, kuyinto esiziqhenya kakhulu ngayo. Kanti futhi kanjalo, ne-Unisa iyaziqhenya ngokuba nabasebenzi abaqondisisayo nabazimisele ukufezekisa lo msebenzi ohloniphekile noseahlombe ethu, kanti futhi lokhu abasebenzi abakwenza ngezinga lamalengiso aphezulu.

Abantu engibabona phambi kwami kulensasa yibona labo kanye engisanda kukhuluma ngabo. Omunye nomunye wenu, ngisho noma ngabe udlala yiphi indima e-Unisa, noma umsebenzi awenzayo ohambisana naleyo ndima akuyo, wenze i-Unisa ukuthi ibe yilokhu eyikho namuhla. Kanti futhi okubaluleke kakhulu, nonke ngamunye wenu, nifakele esivivaneni ngendlela ebambekayo ekuthuthukiseni impilo nokuziphilisa kwegrājuwethi ngayinye yase-Unisa ngesikhathi sokusebenza kwenu e-Unisa; Mibalwa kabi imisebenzi enikeza ithuba lomphumela onelisayo kanjalo.

Kodwa niyazi ukuthi, lokhu akuyona indlela nje ebheke endaweni eyodwa kuphela. Ukuba ngumsebenzi wase-Unisa, kuhambisana nezinzuzo eziningi. Singumqashi olungile, ngisho noma ngabe nifuna ukusiqhathanisa nabaphi abanye abaqashi. Kanti futhi ngiyazi ukuthi iningi lenu, okubandakanya nami uqobo, i-Unisa isinikeze lokho esinakho namuhla, kanti futhi isenze lokho esiyikho, nalokho okumele sibe yikho – futhi ngiqinisekile ukuthi – siyakubonga kakhulu lokho. Sibe nokuzinza kwezomnotho, sikwazile ukuthenga imizi yethu, sikwazile ukuthenga izimoto kanye nokufundisa izingane zethu. Kanti kumuntu siqu, sikhuthazwe ukuthi sikhulise ama-career ethu, kanti futhi sanikezwa nezikhuthazi zocwaningo kanye

nentuthuko, okuyinto ehawukelwa ngezinye izikhungo eziningi. Yebo-ke, i-Unisa ibilokhu isilungele futhi isasilungele namanje.

Anginakungabaza ukuthi niyakwemukela nokukuthanda lokho, futhi niyaziqhenya ngakho. Lona ngumklomelo wokusebenza isikhathi eside, lokhu kimi okusho ukuthi, niqotho nokuzimisela. Namuhla, sizogubha nokuhlonipha lokho enikufakele esivivaneni kwiyunivesithi yethu, abafundi bethu kanti empeleni nasezweni lethu.

Balingani, i-Unisa inesikhathi eside kanye nempumelelo ngenxa yemizamo yenu kanye nemizamo yalabo abahamba phambi kwenu. Njengesikhungo siyakuncoma kakhulu kanye nokubonga ukusebenza kwenu kanye nokuthela kwenu esivivaneni e-Unisa kanye nabafundi bethu, manje, nasesikhathini esedlule, kanye nakwiNingizimu Afrika kanye nekhontinente yonkana kanye nakumhlaba wonke. Egameni loMkhandlu kanye nabaphathi base-Unisa, ngicela namukele ukubonga kwethu okuqotho kanye nokuncoma kwethu ngokufakela kwenu esivivaneni eminyakeni eminingi.

Nisebenze kahle kakhulu!